the dti Campus, 77 Meintjies Street, Sunnyside, Pretoria, Gauteng, 0002
Tel: +27 (12) 394 1535 Fax: +27 (12) 394 2535
Private Bag X84, Pretoria, Gauteng, 0001

Email: RamareM@beecommission.gov.za

B-BBEE COMMISSION
a member of the dti group

**Iyini iKhomishana ye-B-BBEE?**

IKhomishana Ebhekelele Ukuthuthukiswa Kwabamnyama Kwezomnotho ("iKhomishana ye-B-BBEE") isungulwe njengenhlangano ngaphansi kokuphathwa koMnyango Wezohwebo Nezimboni NokuQhudelana Kwezohwebo ("**i-dtic**") ngoMthetho i-B-BBEE ACT, wama-53 wezi-2003, njengoba uchitshiyelwe uMthetho wama-46 wezi-2013 ("uMthetho we-B-BBEE").

**Ubani ofaneleka ukuba yi-Qualifying Small Enterprise (QSE)?**

NgokoMthetho Ochitshiyelwe WokuSebenzisa Okuhle we-B-BBEE oqale ukusebenza mhla lu-1 kuNhlaba wezi-2015, i-QSE iyiNhlangano Ekaliwe enesamba Semali Engenayo yonyaka ephakathi kwezigidi eziyi-R10 nezingaphansi kwama-R50 wezigidi.

**Izigaba zama-QSE**

- **Ama-QSE ajwayelekile**
- **Ama-QSE agxileemkhakheni**

I-QSE engu-100% yabantu abamnyama izoba nezinga loku-1 ngokuzenzakalelayo kanti i-QSE engu-51% yabantu abamnyama izoba nezinga lesi-2 ngokuzenzakalelayo esimweni sabo se-B-BBEE.

Ibhizinisi Elikalwayo eliwela ngaphansi kwalesi sigaba, kufanele lithobele okungenani izinto ezimbili ezibalulekile ekhadini le-B-BBEE Generic Scorecard:

- Ubunikazi buyimpoqo; futhi noma

- Ukuthuthukiswa Kwebhizinis iNabahlinzeki Bempahla noma Ukuthuthukiswa Kwamakhono

Ama-QSE okungenani angama-100% noma ama-51% anobunikazi babantu abamnyama kufanele asebenzise ithempulethi ye-afidavithi efungelwe etholakala kusizindalwazi soMnyango Wezohwebo Nezimboni (**i-dti**'s) www.thedti.gov.za noma isitifiketi se-Companies and Intellectual Property Commission (CIPC) njalo ngonyaka.

Inhloso yalokhu kungenelela ukunciphisa izindleko zokuthobela imithetho kanye nezindleko zokwenza ibhizinisi kumabhizinisi amancane nasafufusa eNingizimu Afrika.

Ama-QSE Ajwayelekile angewona okungenani amaphesenti ayi-100 noma ama-51% okungawabantu abamnyama kufanele aqinisekiswe kusetshenziswa ikhadi le-QSE futhi athole isitifiketi esisemthethweni se-B-BBEE ophikweni olugunyazwe yi-South African National Accreditation System (SANAS) njalo ngonyaka.

**Ama-QSEAgxileEmikhakheni Ehlukene**

Ukufaneleka kwebhizinisi eliwela ngaphansi komkhakha othile ukuze lifaneleke njenge-QSE kusethwa Umqulu Womkhakha esebenza kuwo. Okulandelayo yiMiqulu yomkhakha ebhaliwe:

- Umqulu we-Agri-BEE
- UmquluWomkhakhaweZezimali
- UMqulu Wezobuchwepheshe Bolwazi Nokuxhumana (ICT).
- Umqulu Wenzuzo Yomkhakha Wezakhiwo
- Ikhodi yomkhakha we-Chartered Accountancy
- Amakhodi Adidiyelwe Omkhakha Wezokuthutha
- Ikhodi Yomkhakha Wamahlathi
- Ikhodi Yomkhakha Wezokumaketha, Ukukhangisa Nokuxhumana (MAC).
- IkhodiYomkhakhaWezokuvakasha

Lezi zincwadi ezisohlwini ezingenhla Osomqulu Bekhodi Yomkhakha zingafinyelelwa kusizindalwazi **se-dtic**, okubonisa umbandela wokufaneleka wama-QSE webhizinisi elithile elisekelwe embonini.

**Indlela yokuxhumana nathi:**

B-BBEE Commission
Block E, 2nd Floor
**the dtic** Campus
77 Meintjies Street
Sunnyside
0002

Ikheli **le-dtic**
Private Bag X84
Pretoria
0001

Ucingo:(+27)12 394 1535
I-imeyili: MRamare@beecommission.gov.za
Isizindalwazi: www.bbbeecommission.co.za